AP 2003_1_7_10

ISOLEZWE, ULWESINE JULAYI 10, 2003

# Isisemome imali ye-Aids

MDU NCALANE

INZUKAZIKEYI yokutholakala kwemali engumxhaso wokulwa nesifo sengculazi ingase ifinyelele esiphethweni ngasekupheleni kwenyanga uma kusayinwa isivumelwani sokugcina nesingukhiye ekutholweni kwayo.

I-Global Fund yathembisa ukuxhasa ngalezi zishaqane ukuze kuliwe nezifo ezidlange kakhulu kulesi sifundazwe okuyingculazi nesifo sofuba, iTB.

Sekuphele izinyangana udaba lokutholakala kwemali engu-R800-million lwasusa umsindo ngesikhathi isikhulu esasiqhamuka kwi-Global Fund – okuyiyo ekhipha le mali – sahamba ekamabuyaze singasayinanga sivumelwano nohulumeni sokudlulisela le mali KwaZulu-Natal.

Lesi sikhulu saphindela emuva sekusele amahora ambalwa ngaphambi kokuba sisayinde isivumelwano sokukhulula le mali.

Kwaba nokungaboni ngasolinye phakathi kukaNgqongqoshe wezeMpilo kuzwelonke, uDkt Manto Tshabalala-Msimang, kanye nezinhlangano ezaziyingxenye yesicelo salo mxhaso.

Ngaphambi kwalokho kwakuke kwaba nokugxekwa kwesifundazwe saKwaZulu-Natal nguDkt Tshabalala-Msimang ngokungalandeli imigudu efanele kazwelonke nokungaxhumani nenhlangano i-South African Aids Council.

Isikhulu esiphezulu seGlobal Fund, uSolwazi Richard Feacham, waphinda emuva washiya izikhulu zakuleli zisashayisana ngamakhanda ngokungatholakali kwale mali.

Izolo uNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal, uDkt Zweli Mkhize, ukuqinisekisile ukuthi konke sekumi ngomumo, wathi ngasekupheleni kwale nyanga sizosayinwa isivumelwano sokudedelwa kwemali.

"Imibiko yabezindaba yabeka kwasengathi uDkt Tshabalala-Msimang wayengafuni kulethwe le mali kuleli, okwakungelona iqiniso. Empeleni ukubambezeleka kwaqala kuyo iGlobal Fund ngoba kwathatha izinyanga eziyisithupha ukuba isikhulu sayo size kuleli yize yase isamukele isicelo sethu.

"Ngokwabo le mali kwakumele bayilethe emNyangweni wezezimali, hhayi kowezeMpilo," kusho uMkhize.

Uqhube wathi le nhlangano yayifuna imininingwane egcwele yokuthi le mali izotshalwaphi, kanjani, futhi izosiza isikhathi esingakanani, okwakuyinto athe babengayilungisile ngaleso sikhathi.

"Empeleni sesilungiselela isicelo sesibili kule nhlangano ngoba yasibona isimo sakuleli futhi sinxusa izinhlangano ezingekho ngaphansi kuHulumeni ukuba zibhukule zakhe izinhlelo ezithize zezempilo ukuze sibambisane kulesi sicelo sesibili," kunxuse uMkhize.

Omele iGlobal Fund kuleli, uMnuz Junaid Seedat, uthe balindele ukusayina ngasekupheleni kwenyanga, kodwa lokho kuncike kuHulumeni wakuleli.

"Abakasiniki usuku oluqonde ngqo kodwa sesivumelene ngokusayina," kusho lesi sikhulu.

Okhulumela umNyango wezempilo kuzwelonke, uMnuz Harry Mchunu, naye ukuqisekisile ukuthi isivumelwano sokudedela le mali sizosayinwa ekupheleni kwale nyanga.

ISOLEZWE, ULWESINE JULAYI 10, 2003

# UBush uncoma ubuholi bukaMbeki

CHARLES PHAHLANE

UMONGAMELI Thabo Mbeki utholele izwekazi lase-Afrika neNingizimu Afrika ukwesekwa yiMelika ezinhlelweni ezehlukahlukene zentuthuko, kulandela umhlangano abe nawo izolo noMongameli George W Bush (osesithombeni) waseMelika ezindlini zombuso ePitoli.

UBush, usohambweni lwamazwe amahlanu akuleli zwekazi ngenhloso "yokuzokhangisa" ngokunakekela iMelika enakho ngaleli zwekazi.

Ekhuluma nezintatheli izolo ngemuva kokuhlangana noBush, uMbeki uthe kumthokozisile ukukhula kobudlelwano bala mazwe womabili, ukukhula zikhathi zonke kobambiswano kwezomnotho neMelika, nothando olukhonjiswa ngosomabhizinisi baseMelika ekutshaleni izimali eNingizimu Afrika.

UMbeki uthe izingxoxo zabo zithinte nodaba lwezinselelo ezibhekene ne-Afrika jikelele, umlo nesokuphepha, uhlelo lokuthuthukiswa komnotho we-Afrika, iNepad, nangezinkinga zezimpi zomkhaya ezihlasele leli zwekazi.

"Ekuphethweni kwalezi zingxoxo, ngifisa ukwedlulisa ukuthi sizizwa sithole umfutho omkhulu ngokuzinikela kwakho ekusisizeni ukuthi sibhekane nezinselelo kuleli naseZwenikazi lase-Afrika.

"Ukuhambela kwakho kuleli kuzoholela ekuqiniseni kwamaxhama okuxhumana kula mazwe," kusho uMbeki.

UBush uthe uzizwa "enokuvuseleleka" ngobuholi bukaMbeki, wathi uzokweseka abuye asebenzisane nabaholi base-Afrika abemukela izinguquko.

"Sesinezikhathi eziningana sihlangana kule minyaka, kodwa ngasosonke isikhathi ngizizwa ngivuseleleka kabusha, futhi ngiyazemukela izeluleko nobuholi bakho," kusho uBush ebhekise kuMbeki.

UBush uncome uMbeki nangokuthi ukuzibophezela kwakhe kwi-Nepad kuyizinkomba zokuxhasa ukusebenza ngokusobala.

"SinoMongameli (Mbeki) sikholwa ngukuthi lolu bambiswano esinalo luzokwazi ukuthi lukhulise intando yeningi nohwebo olukhululekile nokusebenza ngokusobala kulo lonke izwekazi lase-Afrika," kusho uBush.



Ubalule nokuthi cishe bonke abantu base-Afrika baxinikele ekulweni nesifo sengculazi, kodwa inkinga wukuthi abanazo izidingo zokuqhuba le mpi. Uthe iMelika izimisele ukusiza ngokunikela ngo$15 billion kulo mkhankaso.

UMbeki uthe uHulumeni wakhe umxuswe ukuthi uqhamuke nesiphakamiso sokuthi zingasetshenziswa kanjani lezi zimali ukulwa nengculazi, wathi khona maduze nje bazoqhamuka nezinhlelo.

UBush ube esedalula ukuthi obeyiNxusa laseMelika kuleli, uMnuz Randall Tobias, sekuphakanyiswe ukuthi abe ngumdidiyeli wamazwe ngamazwe womkhankaso wokulwa nengculazi, wathi uzosebenzisana nohulumeni abafana nowakuleli ekuhlengeni izimpilo, ekuqhamukeni nezinhlelo zokwelapha nezokulwa nokubhebhetheka kwalesi sifo nokukhishwa kwamakhambi okudambisa isifo sengculazi kulabo abafuna ukuwasebenzisa.

Uveze nokuthi bazokhipha isamba sika$1b emkhankasweni wokubheka izimo eziphuthumayo zokunqandeka kokudla.

Ukuhambela kukaBush kuleli kubingelelwe yinxamxathela yemibhikisho emadolobheni amakhulu akuleli, kanti nesidlo sasemini esethanyelwe yizikhulu zikaHulumeni nabezamabhizinisi, sidutshwe ngababoli bezinhlangano ezehlukene.